kodwa lezo ezifike kuqala kanye nalezo eziqata pakati kwazo, izona ezifakwa kuqala.

✠

Ngo Sept. 29, 1890 kusihlwa kwatya umuzi ka Fede, unezindhlu ezine, kwatya mbili namaxiba azo, kwasala mbili namaxiba azo, kwatya konke ngoba yizona bezipete yonke impahla yake, nombila, namabele, nogeja.

✠

U Rev. Canon Cameron ose nesikati eside esebenza e Mtata, useko i *Komiti* eqinile e Scotland eyisekela pansi kwom-Bishopo omkulu wase *Scotland*, ukuba iveze £1,000 sokuba kwandiswe i St. John's College nesikole sabantsundu, e Mtata, ukuze ibe sikumbuzo sika Bishop Callaway oselabhuba.

✠

Ukulimala kabi.—Umuntu otile ubeti nyasebenza ezindongeni ezingase Sweet-waters, ngo Msombuluko, epungula etuta inhlabati edilikileyo watuk' ese dilikelwa udonga olukulu wagqibeka impela enhlabatini ewele pezu kwake. Abebesebenza naye bashesha bamkipa; kodwa kwa bonakala ukuti ulimele kakulu kwaso kutiwa kasiw'e Hospital.

✠

Izisebenzi ezimnyama e Ningizimu.—Kazitolakali ngitsho nangemali ngingalupati utando. Oway'ehambele kubo uti ngabo kungatiti kabakataleli luto ngapandhle kwokupuza utshwala nokusina. Umkuba wabo lo wokubutana ematshwaleni nokusina wandile kakulu seloku abahambela kuqala, awupungukile nempela. Loku ke ku *izitelo* zokudedelwa—ukuzenzela ngotando.

✠

Izinhlupo zokututa nge nqola.—Kwagqabuka ikatanga lenqola isati iyaqamuka pezulu kwe Nel's Hoogte (ngendhlela yase Natal), eduze ne Barberton, ngelanga elisanda kudhlula. Inqola yehla emuva ngamandhla ihamb' ikalakatela yafika pansi yahlakazeka impela, bidhli. Iflara laliya e Barberton.

✠

Umlilo e Tekwini.—Nge Sonto kusihlwa umlilo watungeleka enqwabeni yamalahle (law'ababasa ngawo esitimeleni) e Pine Street abanikaziwo base Dundee Coal Company. Ipolisa elimnyama lashesha ukuwubona, ngako ke washesha wacishwa. Ungakacishwa, kwakwesatshwa sengati kungatungeleka i Town Hall mhlaumbe.

Isibengubengu Olwandhle.

(I qale epepeni No. 31.)

Base be ifuna, bayi fumana ilele ubutongo nga pansi emkunjini; is'ifile ukuqwasha, yasimeze yahlulwa ubutongo, ka yaze yasizwa isipepo noku kishwa kwe mpahla, yalala nje kwaza kwasa.

Kwa mangalisa ukubona ukuvuka kwake; w'etuka wabheka ndawo zonke, kwangatiti uye owakuzwa kakulu, masinyane emva kwokub'apapame ebutongweni bake obunzima. Bonke bazikulekela kwa wabo amakosi, ne ndoda leyo yazikulekela yodwana. Kakuzwanga muntu amazwi akuleka ngawo, kodwa kwa ngatiti ukuleka ngenhliziyo. Noko isibengubengu kasi ngamukanga, sa kula njalo amandhlambi ashayana ngamandhla.

Izwi lenduna lezwakala, yati, "Mas'enze inkato, nee sibone ukuti les'isipepo somoya, esingaka sisibangelwe ubani." Base beyenza inkato, barosha uti bonkana, sebe hlupekile. Bonke-ke baqapela lomuntu abangamaziyo, ngokub' amadolo ake abeshayana uvalo, no buso bake bu ipele, na mehlo ake abheka pezulu, kwa ngatiti kukona okwesabekayo aku bonayo on'abangaku boniyo. Kwati, sebe rohile bonke, inkato yawa kulo muntu. Base it'induna kuye, "Sitshele ungubani, uvuma pi, ubabeleni, futi wenzeni ukuba usibangele lok'ukuhlupeka okungaka?"

Kwa mangalisa ukubuka le ndoda, ngokuba yay'inoval'olukulu, yanjeng'o muntu e kaukatwa izinto ezesabekayo azibonayo, kwase masinyano uvalo lwamahiya, wa se kuluma ngezwi elikulu elinamandhla bonke bamuzwa pezu kwokuduma kwolwandhle, eti, 'Mina ngingum Hebrew, ngikonza uNkulunkulu wase zulwini, owenza umhlaba nolwandhle. Waye sebatshela ukuti uhambeleni nabo, nokuti unguMprofeti ka lo Nkulunkulu oyedwa oqinisileyo; nokuba u Nkulunkulu ubemtumile ukwenza umsebenzi angatandi ukuwenza; waye se ngenwa ubuhlanya bokucabang'ukuti anga balekela u Nkulunkulu, ngoku wela ulwandhle; kodwa manje ubesebonile ukuti angeze ambalekela u Nkulunkulu: na lapa ulwandhle belu satule, u Nkulunkulu ube naye, ebusuku emacaleni omkumbi; nase mini pezu kwolwandhle.

Lapa ilanga lipuma libomvu ekuseni, lapa likanya ngamandhla emini, lapa lishona olwandhle oluyaluzelayo kusihlwa, u Nkulunkulu ube naye njalo, angebe namandhla okumbalekela, manje-ke lok'ubatumele les'isibengubengu somoya, kunge buzwe ngako, siyisigijimi solaka Lwake.

Lapo-ke abantu bambheka ngokwesaba: base bombuza beti wenzeleni ukuba bangela ukujeziswa okunje nge sono sake, nokuti sebe zakumenze njani.

(Iyakupela kwolizayo.)

Izimpendulo Kubabhali.

Izincwadi ez'amukelweyo—P. Makaye.—J. B. Sitole.—A. Sililo.—B. S. Cele.—Mavava.—T. Zulu.—T. Sibisi.—Mlamlankunzi.

S.M.—Yebo, ngiya bonga; kodwa kumbula ukuti kungumteto wa lel'ipepa ukuba mdhlana ulibizayo—ngaleso sikati ke nga ku kitshwa ne mali yalo.

D. M.—Ubuza ukuba kulungile yini ukuba umfazi otshadeleyo aye kwabanye abantu na—ngokuba uti loko kuyaxabanisa pakati kwowesilisa nowesifazana, mhlaumbe kuze kuvele nesahlukaniso.—Ca, akulungile nxa indoda ingakutandi, kusiposiso impela. Kungakoke singewakulume amazwi angeono kunala ka S. Paul, bheka Ephesians v. 22-33.

Ababhalayo maba kumbule ukuti uma beloba izincwadi ezinde, kaziyiku fakwa kulel'ipepa.—Futi ngabe loba njalo nganhlanye kwe pepa, banga lobi yonk' indawo.

Imbube e Natal.

Imbube yabonakala ngelinye ilanga ngapansi kwe Drakensberg, ixosha izinkomo. Umuntu otile owayefuna izinkomo ezilahlekileyo, watola enye ifile sekudhliwe ingxenye yayo. Omunye futi umuntu ob'ehamba ngendhlela, wabona izinyatuko zembube.—*Times.*

IZINCWADI.

Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.

(Kumhleli we Nkanyiso.)

Mngane,—Nginxusa indawo epepeni lako, kukona amazwi enginxanele ukuwapendula ku Philip Xulu wase Estcourt.

Umnumzana u Xulu upendula kimi ezwini engangilipendula ku Mhlotshana ngabantu "abantsundu." Uti u Xulu, "Bayazi abafundi be *Nkanyiso* ukuti ngake ngaloba ngalo leli gama." Kepa mina ngiti, Inxa po umnumzana abe elobile njalo, watulelani mhlana u Mhleli ebuzisisa ku bafundi be *Nkanyiso* ngalo leli gama, esehlatshwe ngamazwi ka Mhlotshana, loku eseze wapendula emveni kwokuba u Mhleli alobe kabili? Angimvumeli mina u Xulu, ngiti yena upendula amazwi ami nje, kanakekele ngaleli'zwi labantsundu. Ngiti mina, Umnumzana lo utanda ukuziveza njengaloku etshoyo eti "Ngingazidhla ngaloko ngiti ngi ngowakwa Zulu."

Uti u Xulu, "Umbala wenkomo asuki." Kepa mina ngiti, umbala ka Xulu u ntsundu aumnyama njengoba esitsho. Kawafundanga kahle amazwi ami okuti, umuntu obomvu kutiwa kanaso isitunzi njengomuntu omnyama, ngaloko kungetshiwo enkosini ukuti "Bayete, wena u bomvu." Kulawa'mazwi umnumzana ungilahla engabhekile, aze ati "Oswele igama ngiti mhlaumbe angasizakala nge Kafula u Mr. Magwaza."

Njengoba eti u Xulu, angiye ekaya lami Ekukanyeni, ngibakanyisele bonke, ngiti aka angitshele, yena engowakwa Zulu, la'mazwi okuti, "ukumangala," "umgqibelo," "ukupila," "ukutandaza," "inyaniso," "ukunceda," "u Moya oingcwele," "u Tixo," "ukuze," "ngenxa," "nxa," "mangxatshane," &c., ukuba avela kwa Zulu yini? La'mazwi kambe akunye nalelo labantu "abantsundu," avela emaXoseni, lapo kwavela imfundiso kona kuqala. Pezu kwokuba u Xulu "epansi kwobuZulu," naye ukuluma ngalo lolu limi. Kodwa angimangali ngomuntu onjengo Xulu nje, obiza abakubo ngamaKafula, engaliqondi nalelo gama ukuba litini. Ulimi olunjalo kambe luyeza isimilo somuntu, ngoba nomlungu uqobo kasibizi ngamaKafula, kupela labo esibaziyo.

U Xulu ucabanga uti ngifisa ukuba mhlope Qa. Impela angitandi nokuba ngibizwe kutiwe "Mr.," ngingesiye umlungu. Kodwa ngiqinisa nanamuhla ngiti, Izwi lokuti "abantsundu" lihle, liveza umbala wetu esiyiwo. Asi mnyama, si ntsundu.

Ngicela ukuba abafundi be *Nkanyiso* bapendule bonke, nokuba u Xulu afunde kahle amazwi ami, angangilahli engabhekile.

Ngi ngowakini

MAGEMA MAGWAZA.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

E, Mngane,—Imvumelo epepeni lako. Ngi ngowetukileyo, nxa ngizwa impendulo yako ku P. Moyabi nokucasisa kwako ngendaba yotywala, ngobuwula bami angivumelani nencwadi yako leyo ecola utywala kangaka. Utywala abubonakali lapo kutiwa benziwa ngu Nkulunkulu wabupa abantu, ak'ungibonise leyo ndawo ebenzela abantu kuyo.

Uti wena, uma kusolwa utywala, injalo nenyama. Ake utyo ke izipitipiti ezivela ngenyama, kwabulalana bani nobani bedhle inyama? Aukumbuli yini ukuba pesheya ngomnyaka bayafa ngotywala abantu aba 60000 na? Aukumbuli yini ukuba kukona izindawo e America lapo bavalwa kona utywala, akubotywa muntu manje kungafunyanwa isibotywa sibe sinye ngonyaka? Aukumbuli yini ukuba nxa kubotywe aba lishumi, itoba libotywe ngotywala na?

Utywala abusolwa namhla kodwa, sityelwa yi Bible ku Prov. 23: 27-35. Lezonto zombili ziyafana, abaswele ukuqonda batshona kona; kwokubili kuyisita sokulunga. Uti wena, icala likumuntu, ngiti mina isilingo esiwisa umuntu sisembizeni yotywala.

Abantu bamiselwe ukugqoka imizimba ingabonakali; ukuba bangayeka ukugqoka, bangaki abangayikuba njengo Davida na? Nkosi, ngiyesaba ukupendulana nawe ngale ndaba, ngokuba obaba bati bavela, utywala budhliwa ngamaxegu nezalukazi bungavunyelwa kwabatya, babengatandi ukuba abantwana babo babulalane yisita, yinyoka. Bangaki abafe emisindweni ematywaleni lapa e Natal na, nxa kuyinala? Akube yindhlala, akuzwakali luto. Nginamahloni ukupikisana nawe, onokwazi, ngi situntutya esingazi luto esibonwa ngokuba sesibotywa ngenxa yokupendula kabi kwaso; aukumbuli yini ukuba izicoco zaka zabizwa, ezipila ngotywala, zezakutyelwa ukuba akungabiko utywala emisindweni yenu, zibizwa e Mgungundhlovu? Mina ke ngiti wena wa ungati kufanele kutiwe abantu abangakwazi ukuzipata kahle etywaleni, abazibulala ngotywala, abangayi emsindweni. Ngiyesaba ngoba le ncwadi iyakucita umsebenzi wabafundisi abaningi ababelinga ukuzama ukusiza abantu abahlulwa kudakwa, ukuba bakuyeke bakumbule umSindisi ezekubasindisa e Golokota. Ngibone ne *Nkanyiso*, loku bengiyitanda, ii'netunzana engangiti ngale ndaba yayo ukuba ib'ivela kubabhalelani mhlaumbe bengingayikuyipendula, bengoti ngabazamela ukwazi, kepa bakuswele abaqondi abakwenzayo.

Po ke ngikohlwa ukuba abe nguwe odangalisa abanye enisebenza kanye nabo. Sizakulalela wupi siyeke wupi na? Ngumbuzo lowo. Bonke abazilungise ukuba impi yotywala ubabuyisela emuva, uti abayeke, ukudhla okwenziwa ngu Nkulunkulu, abantu bazidhlele. Siyakuketa wena sonke tina esitanda utywala, sibalekele abafundisi abasamuka ukudhla kwetu esakunikwa ngu Nkulunkulu.

Nginamahloni songati le mpendulo yako nga ingaqedanga umhlaba, inga ifike kimi ngedwa, ngokuba iyakuvusa abaningi ukulwa nabafundisi babo, nxa besola ngotywala. Uti wena